

Mduduzi Dlamini



Translations from
Baudelaire

***Alternation* special edition No. 1**

© 2003 Mduduzi Dlamini

Original Zulu translations

from the poetry of Charles Baudelaire (1821 - 1867)

University of KwaZulu Natal

cssall@pixie.udw.ac.za

<http://www.udw.ac.za:80/-stewartg/alternat.html>

Cover design & book layout: grassic@telkomsa.net

ISSN 1023-1757

Mduduzi Dlamini

Translations from Baudelaire

2003

Durban

Contents

IHubo ku Buhle/Hymn to Beauty	1
Imvumelwano/Correspondence	5
Ialbhathrosi/The Albatross	7
Umuntu nolwandle/Man and the Sea	9
UBuhle/Beauty	11
Izimukazi/The Giantess	13
UmpHEME/The Balcony	15
Isihluthu/Head of Hair	19
Ubucwebe/The Jewels	23
Kusuka ngaphakathi ekujuleni/De profundis clamavi	27
ILethi/Lethe	29
Ikati/The Cat	33
Impidiselomuva/Reversibility	35
Kude le nala/Far From Here	39
Umningo/Meditation	41
Uzothini-ke kulo kuhlwa, mphefumulo ohluphekile onesizungu ... What will you say tonight, poor lonesome soul ...	43
Ingcuba/A Carrion	45
Ngikuthanda ngokulinganayo kunye nompheme wobumnyama ... I adore you as much as the vault of night ...	51
Uyobeka umhlaba wonke endleleni yakho ... You would take the entire universe ...	53
Kulona oweneme kakhulu/To One Who Is Too Gay	55
Isimemo sohambo/Invitation to the voyage	61
Umkhumbi omuhle/The Beautiful Ship	67
Okungesanakulungiseka/The Irreparable	73
Iculo Lasenkwindla/Autumn Song	79

Kothize uMadona Iphuma-Sinikelo sobuciko samaSpeniya To a Madonna Ex-Voto In The Spanish Style	83
Amakati/The Cats	89
Ububende I/Spleen I	93
Ububende II/Spleen II	95
Ububende III/Spleen III	99
Ububende IV/Spleen IV	101
Indawobume/Landscape	105
Intathakusa/The Early Hours of Morning	109
Lowomzanyana wenhliziyo enkulu eyayinesikhwele ngawe ... The servant with a great heart you were jealous of	113
Angikhohliwe, maduzane nedolobha ... I have not forgotten, near the town	117
Amehlo kaBhetha/Berthe s Eyes	119
Amakhosikazana amadala ku Victor Hugo The Little Old Women To Victor Hugo	121
Ukuthatha kokuhlwa/The Twilight of Evening	133
UMphefumulo wewayini/The Soul of the Wine	137
Lebhosi/Lesbos	141
Izintokazi ezilahliwe: uDelfini noHipholithi Damned Women: Delphine and Hippolyta	149
Izintokazi ezilahliwe/Damned Women	163
Odade ababili abahle/The Two Kind Sisters	167
Isiphethu segazi/The Fountain of Blood	169
Imkhuleko kaSathane/Satan s Litanies	171
Ukufa kwabantulayo/The Death of the Poor	179
Uhambo ku Maxine du Camp The Voyage To Maxime Du Camp	181

IHubo ku Buhle

Uvela ekujuleni kwesibhakabhaka noma uphuma kwalasha,
O Buhle? umbuko wakho, osasihogo futhi nongcwele,
Uthela ngokudidayo ububele kanye nobugebengu,
Kulokhu umuntu angakuqhathanisa newayini.

Uphethe ehlweni lakho ukuhlwa kanye nokusa;
Uhlwanyela amakha akho kuhle kwesiphepho sakusihlwa;
Imqabulo yakho ingubulawu kanti nomlomo wakho uyiselwa
Okwenza amaqhawe amagwala futhi kuqungise ingane.

Uphuma emagebeni amnyama noma udilika ezinkanyezini?
IsiMiselo sihehekile singamapitikoti akho kuhle kwenja;
Utshala esithubeni nje injabulo kanye nezehlakalo,
Futhi ubusa konke ube ungaphenduli lutho.

Uhamba phezu kwabafileyo, Buhle, ube ubaklolodela;
Ubucwebe bakho beNsabo akukhona ukuthi buheha kancane,
Kanye noKufa, phakathi kogazi lwakho oluthonyayo,
Phezu kwesisu sakho esiqhenyayo kudansa ngokuthandekayo.

Hymne à la Beauté

Viens-tu du ciel profond ou sors-tu de l'abîme,
Ô Beauté? ton regard, infernal et divin,
Verse confusément le bienfait et le crime,
Et l'on peut pour cela te comparer au vin.

Tu contiens dans ton oeil le couchant et l'aurore;
Tu répands des parfums comme un soir orageux;
Tes baisers sont un philtre et ta bouche une amphore
Qui font le héros lâche et l'enfant courageux.

Hymn to Beauty

Do you come from the deep sky or from the abyss,
O Beauty? Your look, infernal and divine,
Confuses good deeds and crimes, and for this
You have been compared with wine.

You retain in your eye the sun's rise and decline,
You strew perfume like an evening stormy and wild,
Your amphoral mouthed kiss is a potion so fine
It turns a hero into a coward, and makes courageous a child.

Have you risen from the black maw or descended from the stars?
Charmed destiny trails your petticoat like a Dalmatian;
You randomly seed both joy and disaster
And you govern all but respond to none.

You step on the dead as you mock them, Beauty;
Horror is but one of your charming fripperies
And Murder, among your most beloved jewellery
Dances on your proud breast amorous and slippery.

Sors-tu du gouffre noir ou descends-tu des astres?
Le Destin charmé suit tes jupons comme un chien;
Tu sèmes au hasard la joie et les désastres,
Et tu gouvernes tout et ne réponds de rien.

Tu marches sur des morts, Beauté, dont tu te moques;
De tes bijoux l'Horreur n'est pas le moins charmant,
Et le Meurtre, parmi tes plus chères breloques,
Sur ton ventre orgueilleux danse amoureusement.

Imfeketho exhophayo indiza iqonde kuwe, khandlela,
Iyahlihliza, ivuthe bese ithi: Ngiyalibusisa leli langabi!
Uphalane chefuzela egebele kwisiphalaphala sakhe
Ungathi umoya womuntu ofayo anga ithuna lakhe.

Ukuthi uvela ezulwini noma esihogweni, kunani pho,
O Buhle! siqawunqawu esikhulukazi, esisabisayo, nesiqotho,
Ma kuwukuthi ihlo lakho, uhleko lakho, kungivulela isango
LeNswelonkawulo engiyithandayo nengingakaze ngiyazi?

Uvele kuSathane noma kuThixo, kunani pho? Ngelosi noma liHhuhhu,
Kunani pho, uma wena wenza, – tokolo onamehlo asavelvethi,
Umgqigqo, amakha, isibani, o ndlovukazi eyingqayizivele yami! –
Umhlaba usabise kancane kanye nemizuzwana isinde kancane?

L'éphémère ébloui vole vers toi, chandelle,
Crépite, flambe et dit: bénissons ce flambeau!
L'amoureux pantelant incliné sur sa belle
A l'air d'un moribond caressant son tombeau.

Que tu viennes du ciel ou de l'enfer, qu'importe,
Ô Beauté! monstre énorme, effrayant, ingénu!
Si ton oeil, ton souris, ton pied, m'ouvrent la porte
D'un Infini que j'aime et n'ai jamais connu?

The ephemeral May fly crosses your candle,
Crackles, ignites and thinks: "Bless this blaze!"
The lover bent over his magical belle
Has the air of one dying, caressing his grave.

That you come from heaven or hell, who cares?
O Beauty! For you, artless and frightful monster, I send!
If your eye, your smile, your feet, open the door
To an Infinity I love but can never comprehend.

Of Satan or God, Angel or Fiend,
Who cares? As long as you transcend – O fairy with velvet eyes
Rhythmic, fragrant, glittering, my one unique queen! –
This hideous universe, the heaviness of time.

De Satan ou de Dieu, qu'importe? Ange ou Sirène,
Qu'importe, si tu rends, – s'es aux yeux de velours,
Rythme, parfum, hueur, ô mon unique reine! –
L'univers moins hideux et les instants moins lourds?

Imvumelwano

**IMvelo yithempeli lapho izikhala eziphilayo
Ngesinye isikhathi zidedela izinkulumo eziyindida;
Umuntu udlula enqamula ihlathi lemfanekiso
Embukisisa ngombuko owejwayelekile.**

**Kuhle kwezikade izahho lezi zakude ezibhidanayo
Phakathi ebumnyameni nasekujuleni kobumbano,
Obubanzi kuhle kobusuku futhi nakuhle kokukhanya,
Amakha, imbala kanye nemdumo kuyaphendulana.**

**Kunamakha amasha kuhle kwezikhumba zezingane,
Amtoti njengogubhu, aluhlaza njengenkangala,
– Kunye namanye, asongesonge, acebile futhi nanqobile,**

**Kukhona insabalalo yezinto ezingenankawulo,
Kuhle kwenhlaka, inyamazane, uphungamnandi nempepho,
Ehlabelela intutho yomoya kanye neyomqondo.**

Correspondance

**La Nature est un temple où de vivants piliers
Laissent parfois sortir de confuses paroles;
L'homme y passe à travers des forêts de symboles
Qui l'observent avec des regards familiers.**

**Comme de longs échos qui de loin se confondent
Dans une ténébreuse et profonde unité,
Vaste comme la nuit et comme la clarté,
Les parfums, les couleurs et les sons se répondent.**

Correspondence

The pillars of Nature's temple are alive
And sometimes yield perplexing messages:
Forests of symbols between us and the shrine
Remark our passage with accustomed eyes.

Like long-held echoes, blending somewhere else
Into one deep and shadowy unison
As limitless as darkness and as day,
The sounds, the scents, the colours corresponds.

There are odours succulent as young flesh,
Sweet as flutes, and green as any grass,
While others – rich, corrupt and masterful –
Possess the power of such infinite things
As incense, amber, benjamin and musk,
To praise the senses' raptures and the mind's.

Il est des parfums frais comme des chairs d'enfants,
Doux comme les hautbois, verts comme les prairies,
Et d'autres, corrompus, riches et triomphants,

Ayant l'expansion des choses infinies,
Comme l'ambre, le musc, le benjoin et l'encens
Qui chantent les transports de l'esprit et des sens.

Ialbhathrosi

Imvamisa, ze lizenamise, ibandla lezinsizwa,
Libamba ama-albhathrosi, izinyoni ezibanzi zolwandle,
Ezilandela – izimpeleki ezenqenayo zohambo –
Imkhumbi entwezayo phezu kwamagebe amuncu.

Zithi nje zisathi ziyahlala phezu kwamapulangwe,
Lamakhosi obunsomi, exhamazela futhi enezinhloni,
Ziyekela ngokudabukisayo izimpiko ezinkulu zazo ezimhlophe,
Kuhle kwezigwedlo zizikludula eceleni kwamanzi.

Lesihambi esinezimpiko, sesifana nokuthi siyidliwa nesintekentekane!
Sona, esake saba sihle, sesiyinhlekisa futhi sesibi!
Esinye isicefe sixhoma intshisamlomo kuqhawaku waso,
Omunye ulingisa, eqhugazela, isixhwala lesi esandiza!

IMbongi yona ingumfanekiso wenkosi yamafu
Ehaqa iziphepho futhi ehleka usulu umcibi;
Idingisiwe lapha emabaleni kumphakathi oyikhakhamezayo,
Izimpiko zakhe zezimu zimvimbela ukuhamba.

L'Albatross

Souvent pour s'amuser, les hommes d'équipage
Prennent des albatros, vastes oiseaux des mers,
Qui suivent, indolents compagnons de voyage,
Le navire glissant sur les gouffres amers.

À peine les ont-ils déposés sur les planches,
Que ces rois de l'azur, maladroits et honteux,
Laissent piteusement leurs grandes ailes blanches
Comme des avirons traîner à côté d'eux.

The Albatross

Often, to pass the time on board, the crew
Will catch an albatross, one of those big birds
Which nonchalantly chaperone a ship
Across the bitter fathoms of the sea.

Tied to the deck, this sovereign of space,
As if embarrassed by its clumsiness,
Pitiably lets its great white wings
Drag at its sides like a pair of unshipped oars.

How weak and awkward, even comical
This traveler but lately so adroit –
One deckhand sticks a pipestem in its beak,
Another mocks the cripple that once flew!

The Poet is like this monarch of the clouds
Riding the storm above the marksman's range;
Exiled on the ground, hooted and jeered,
He cannot walk because of his great wings.

Ce voyageur ailé, comme il est gauche et veule!
Lui, naguère si beau, qu'il est comique et laid!
L'un agace son bec avec un brûle-gueule,
L'autre mime, en hoitant, l'infirme qui volait!

Le Poète est semblable au prince des nuées
Qui hante la tempête et se rit de l'archer;
Exilé sur le sol au milieu des huées,
Ses ailes de géant l'empêchent de marcher.

Umuntu nolwandle

Muntu okhululekile, uyohlala ulukhonzile njalo ulwandle!
Ulwandle luyisibuko sakho; uninga ngomphefumulo wakho
Kwinqubeko yenswelonkawulo yamagagasi alo,
Nomoya wakho uyinzulu engave incinyane ngobumuncu.

Uyathokoza nxa uzihloma kwisifuba somfanekiso walo;
Ulusingatha ngamehlo akho nezingalo zakho, futhi nenhliziyo yakho
Iyalibaziseka ngesinye isikhathi kwinxokozelo okuyifanele
Kulomsindo walokhu kugquma okunganqobeki nobunqobayo.

Nobabili nonke nimnyama futhi niyaqaphela:
Muntu, akekho oseke wadumisa iphansi lakwalasha lakho,
O lwandle, akekho oseke wazi ngensondelano imcebo yakho,
Njengalokhu uqaphela ngesikhwele izimfihlo zakho!

Futhi kube kunjalo amakhulumnyaka angasanakubaleka
Selokhu nadumelana ngaphandle kwesihawu kanye nokuzisola,
Kangoba nje uyayithanda incithakalo kunye nokufa,
O balwi baphakade, o bafowethu abangaphoziseki!

L'Homme et la mer

Homme libre, toujours tu chéris la mer!
La mer est ton miroir; tu contemples ton âme
Dans le déroulement infini de sa lame,
Et ton esprit n'est pas un gouffre moins amer.

Tu te plais à plonger au sein de ton image;
Tu l'embrasses des yeux et des bras, et ton cœur
Se distrait quelquefois de sa propre rumeur
Au bruit de cette plainte indomptable et sauvage.

Man and the Sea

Free man, always you cherish the sea!
The sea is your mirror; you see your soul
In the swells' infinite roll,
You both are abysses equally.

You are pleased to plunge deep into its image
You embrace it with your eyes and arms, and your heart
Is disturbed by a roar that never stops and never starts,
The noise of its cry unconquerable and savage.

You are both of you dark and discreet:
Man, none have sounded your depths,
O Sea, none know your intimate riches
So jealous are you to guard your secrets.

And yet for centuries unceasing
You've fought without pity or regret
So much do you love carnage and death,
Eternal wrestlers, you brothers unappeased!

Vous êtes tous les deux ténébreux et discrets:
Homme, nul n'a sondé le fond de tes abîmes,
Ô mer, nul ne connaît tes richesses intimes,
Tant vous êtes jaloux de garder vos secrets!

Et cependant voilà des siècles innombrables
Que vous vous combattez sans pitié ni remord,
Tellement vous aimez le carnage et la mort,
Ô lutteurs éternels, ô frères implacables!

UBuhle

Ngimuhle, o bakithi! kuhle kwephupho elisambokodo,
Futhi kwisifuba sami, lapho uwonke usuzikhuhle ulandelana,
Esenzelwe ukufaka ugqozi kwizimbongi ngothando
Lwaphakade futhi oluthule njengedwala.

Ngiqhwakele esibhakabhakeni kuhle kwembaxambili engaqondakali;
Ngibumbanisa inhliziyi yeqhwa kanye nobumhlophe beswani;
Ngiyawuzonda umnyakazo onyakazisa umugqa,
Futhi angikaze neze ngikhale, futhi angikaze neze ngihleke.

Izimbongi, zibona izingqondo zami ezinkulu,
Lezi engizithathe kwimfanekiso yamatshe ezikhumbuzo adlulele,
Zinikela izinsuku zazo kwizifundo eziphakeme;

Ngoba ngine -- ukusanganisa nje labophalane abathobekile --
Zibuko zami ezimsulwa ezenza zonke izinto zibe zinhle ngokweqile:
Amehlo ami, amehlo ami amakhulu anokukhanya kwaphakade!

La Beauté

Je suis belle, ô mortels! comme un rêve de pierre,
Et mon sein, où chacun s'est meurtri tour à tour,
Est fait pour inspirer au poète un amour
Éternel et muet ainsi que la matière.

Je trône dans l'azur comme un sphinx incompris;
J'unis un cœur de neige à la blancheur des cygnes;
Je hais le mouvement qui déplace les lignes,
Et jamais je ne pleure et jamais je ne ris.

Beauty

Conceive me as a dream of stone:
My breast, where mortals come to grief,
Is made to prompt all poets' love,
Mute and noble as matter itself.

With snow for flesh, with ice for heart,
I sit on high, an unguessed sphinx
Begrudging acts that alter forms;
I never laugh, I never weep.

In studious awe the poets brood
Before my monumental pose
Aped from the proudest pedestal,

And to bind these docile lovers fast
I freeze the world in a perfect mirror:
The timeless light of my wide eyes.

Les poètes, devant mes grandes attitudes,
Que j'ai l'air d'emprunter aux plus fiens monuments,
Consommeront leurs jours en d'austères études;

Car j'ai, pour fasciner ces dociles amants,
De purs miroirs qui font toutes choses plus belles:
Mes yeux, mes larges yeux aux clartés éternelles!

Izimukazi

Ngesikhathi lapbo iMvelo kugqozi lwayo olumandlakazi
Ibumba ngalunye usuku izingane eziyinqawunqawu,
Ngangithanda ukuphila maduzane kwezimukazi elincinyane,
Kuhle kwekati elikhanukisayo ezinyaweni zendlovukazi

Ngangithanda ukubona umzimba walo uqhakaza kanye nomphefumulo
Futhi ukhula ngenkululeko kwimdlalo yawo ethusayo;
Ngibhule uma umphefumulo walo uveva yilangabi elifiphele
Kwizinkungu eziswakeme ezibhukuda emehlweni alo;

Ukuhlolisisa kwimpumulo izimo zalo zobukhosi;
Ngigaqe phezulu ngiqonde kumadolo alo amakhulukazi,
Kuthi ngenye inkathi ehlobo, ngenkathi amalanga emabi,

Ngidangele, wenzile wazineka wavundla ezweni,
Ngilale ngokungakhathali phansi komthunzi wamabele alo,
Kuhle komzana onokuthula ezinyaweni zentaba.

La Géante

Du temps que la Nature en sa verve puissante
Concevait chaque jour des enfants monstrueux,
J'eusse aimé vivre auprès d'une jeune géante,
Comme aux pieds d'une reine un chat voluptueux.

J'eusse aimé voir son corps fleurir avec son âme
Et grandir librement dans ses terribles jeux;
Dévier si son cœur couvrait une sombre flamme
Aux humides brouillards qui naissent dans ses yeux;

The Giantess

Once, when Nature's overpowering vigorousness
Conceived each day children this monstrous,
I would love to have lived with a young giantess
Around her feet like a cat to a queen voluptuous.

I would love to have seen the spirit that grew out of her
Distending as she played her terrible game:
From the damp mist that swam in her eyes to wonder
If her sullen heart would catch into flames.

I would scale her magnificent form at my leisure,
Crawl over the slope of her enormous knees.
Sometimes in summer, when the fetid sun undressed,

And she languorously spread herself across the land,
I would rest nonchalant under the shade of her breasts,
A peaceful hamlet at the foot of the mountain.

Parcourir à loisir ses magnifiques formes;
Ramper sur le versant de ses genoux énormes,
Et parfois en été, quand les soleils malsains,

Lasse, la font s'étendre à travers la campagne,
Dormir nonchalamment à l'ombre de ses seins,
Comme un hameau paisible au pied d'une montagne.

UmpHEME

Mama wezinkumbulo, ntombi yezintombi,
O wena, uyinjabulo zami zonke! o wena, uyikweletu zami zonke!
Usakhumbula ubuhle bokuphululana,
Ubumnandi bekhaya kanye nesibunge sokuhlwa,
Mama wezinkumbulo, ntombi yezintombi!

Ukuhlwa kukhanyiswe ukuvutha kwelahle,
Kanye nalokhu kuhlwa empheeni, kusithwe umhwamuko orozi,
Sasimnandi kanjani isifuba sakho! Iyinhle kanjani inhliziyi yakho!
Sasivamise ukutshelana izinto ezingasoze zabuna.
Ukuhlwa kukhanyiswe ukuvutha kwelahle.

Mahle kanjani amalanga ngokunye ukuhlwa obufudumele!
Lujule kanjani ukhalo! Imandla kanjani inhliziyi!
Ngathi mangisondela kuwe, ntokazi yezinkonzo zami,
Ngezwa ngiphefumula amakha egazi lakho.
Mahle kanjani amalanga ngokunye ukuhlwa obufudumele!

Le Balcon

Mère des souvenirs, maîtresse des maîtresses,
ô toi, tous mes plaisirs! ô toi, tous mes devoirs!
Tu te rappelleras la beauté des caresses,
La douceur du foyer et le charme des soirs,
Mère des souvenirs, maîtresse des maîtresses!

Les soirs illuminés par l'ardeur du charbon,
Et les soirs au balcon, voilés de vapeurs roses.
Que ton sein m'était doux! que ton cœur m'était bon!
Nous avons dit souvent d'impérissables choses
Les soirs illuminés par l'ardeur du charbon.

The Balcony

Mother of memories, mistress of mistresses,
From you, all my pleasures! For you, my respects!
You'll remember the beauty of caresses,
Then softness by the fireside, the charm of evening's beck,
– Mother of memories, mistress of mistresses.

The ardor of coal illumined the night,
And those nights on the balcony, veiled in vaporous pinks
When your breast was so quiet, your heart was so right!
How often we'd talk of imperishable things.
The ardor of coal illumined the night.

When the suns were handsome and the evenings warm,
When space was deep, and the heart strong and good,
When I leaned toward you, O queen I adored,
I believe I smelled the perfume of your blood
When the suns were handsome and the evenings warm.

Que les soleils sont beaux dans les chaudes soirées!
Que l'espace est profond! que le cœur est puissant!
En me penchant vers toi, reine des adorées,
Je croyais respirer le parfum de ton sang.
Que les soleils sont beaux dans les chaudes soirées!

La nuit s'épaississait ainsi qu'une cloison,
Et mes yeux dans le noir devenaient tes prunelles,
Et je buvais ton souffle, ô douceur! ô poison!
Et tes pieds s'endormaient dans mes mains fraternelles.
La nuit s'épaississait ainsi qu'une cloison.

Ubusuku bakhula bafana nesithile isehlukaniso,
 Futhi, ebumnyameni, amehlo ami athwasa izidulumbana zawakho,
 Futhi ngabe sengiphuza umoya wakho, o bumnandi! o buthi!
 Izinyawo zakho zalala kwizandla zami zobuzalwane.
 Ubusuku bakhula bafana nesithile isehlukaniso.

Ngiyabazi ubuciko bokuvusa izikhathi zentokozo,
 Futhi ngaphupha imuva lami lisongelene kumadolo akho,
 Ngingabuye ngibheke kahle kuphi ubuhle bakho obudambile
 Makungangcono kumzimba wakho omuhle nakwinhliziyo yakho emtoti?
 Ngiyabazi ubuciko bokuvusa izikhathi zentokozo!

Lezi zivumo, lamakha, lokhu kuqabulana okungapheli,
 Ngabe kuyophinda futhi kuzalwe kwizinzulu zomdumo esiwuwalelwe,
 Kuhle kokunyuka esibhakabhakeni kwamalanga
 Emveni kokuzihlamba ezinzulwini zokujula kolwandle?
 – O zivumo! o makha! o kuqabula okungapheli!

Je sais l'art d'évoquer les minutes heureuses,
 Et revis mon passé blotti dans tes genoux.
 Car à quoi bon chercher tes beautés langoureuses
 Ailleurs qu'en ton cher corps et qu'en ton cœur si doux?
 Je sais l'art d'évoquer les minutes heureuses!

Ces serments, ces parfums, ces baisers infinis,
 Renaitront-ils d'un gouffre interdit à nos sondes,
 Comme montent au ciel les soleils rajeunis
 Après s'être lavés au fond des mers profondes?
 – Ô serments! ô parfums! ô baisers infinis!

The night became thick, partitioned from us,
My eyes guessed for yours as the light grew wan,
And I drank your breath – so sweet! so poisonous!
And your feet went to sleep in my fraternal hands
The night became thick, partitioned from us.

I know the art of arousing moments of happiness,
And reliving a past spent curled up at your knee.
But what good is looking for your lovely listlessness
Anywhere but your precious body and your heart so sweet?
I know the art of arousing moments of happiness.

These promises, these perfumes, these kisses of infinity,
Are we reborn in a gulf that forbids our sounding cries,
As after being washed at the bottom of the deepest seas,
The sun was rejuvenated in the skies?
O promises, O perfumes, O kisses of infinity.

Isihluthu

O sihluthu, ukhabuzela kuye kufike esiphikeni!
O sidlungana! O makha ajutshwe ngenswelonkathalo!
Lisasasa! Ze ingcwalise kulokuhlwa ikhosombo elimnyama
Lezinkumbulo ezilele kulezi zinwele,
Ngifuna ukuzishukumisa emoyeni kuhle kweduku!

Edengezelayo iEshiya kanye neshisayo iAfrikha,
Wonke umhlaba okude, ongekho, oduze ufile,
Iphila ekujuleni kwazo, hlathi eliphungamnandi!
Njengeminye imimoya entweza phezu komculo,
Owami, o sithandwa sami! ibhukuda kwawakho amakha.

Ngiyoya phansi lapho izihlahla namadoda, kugcwele inkovu,
Ngiquleke kade ngaphansi kwesimosezulu esivuthayo;
Madlodlombiya aqinile, yiba inkukhumalo engithwalayo!
Uphethe, lwandle lwendoniyamanzi, elicwalizimulayo iphupho
Loseyili, labagwedli, amalangabi kanye nezinsika:

La Chevelure

Ô toison, moutonnant jusque sur l'encolure!
Ô boucles! ô parfum chargé de nonchaloir!
Extase! pour peupler ce soir l'alcôve obscure
Des souvenirs dormants dans cette chevelure,
Je la veux agiter dans l'air comme un mouchoir!

La langoureuse Asie et la brillante Afrique,
Tout un monde lointain, absent, presque défunt,
Vit dans tes profondeurs, forêt aromatique!
Comme d'autres esprits voguent sur la musique,
Le mien, ô mon amour! nage sur ton parfum.

Head of Hair

O mop, fleecy even on your collar!
O locks! O fragrance charged with nonchalance!
Ecstasy! The memories sleeping in your hair
I would shake like a handkerchief into the air
To fill, this evening, my dim alcove just once!

Languorous Asia and passionate Africa,
Everything almost dead, distant, absent,
Lives in your depths, your jungle of aroma!
As other spirits sail over music
Mine, O my love, floats on your scent!

I will go there where tree and man, full of sap,
Swoon at length from the climate's ardor.
Strong tresses, be the swell that lifts me up!
It's a dazzling dream, ebony sea, that you tap
Of sails, pennants, poles and rowers:

Firai là-bas où l'arbre et l'homme, pleins de sève,
Se pâment longuement sous l'ardeur des climats;
Fortes tresses, soyez la houle qui m'enlève!
Tu contiens, mer d'ébène, un éblouissant rêve
De voiles, de rameurs, de flammes et de mâts:

Un port retentissant où mon âme peut boire
À grands flots le parfum, le son et la couleur;
Où les vaisseaux, glissant dans l'or et dans la moire,
Ouvrent leurs vastes bras pour embrasser la gloire
D'un ciel pur où frémit l'éternelle chaleur.

Itheku elidumayo lapho umphefumulo wami ungaphuza
 Izikhukhula ezinkulu zamakha, umdumo kanye nombala;
 Lapho imkhumbi, intweza kwigolide nakwindwangumanzi,
 Ivule izingalo zayo ezibanzi ze ibamba udumo
 Lwesibhakabhaka esimsulwa lapho kuvezelela ukushisa kwaphakade.

Ngiyohloma ikhanda lami elinothando nokudakwa
 Kulolu lwandle olumnyama lapho omunye evalalelwe;
 Nomoya wami oncweti ogingqika kukwangana
 Uyophinda ukuthola futhi, o buvila obuvundile!
 Zilolozelo ezingenamkhawulo zempumulo eqholiwe!

Zinwele ezibhlu, mpheme wobuthambile ubumnyama,
 Unginikeza ubunsomi besibhakabhaka esibanzi nesiyingiliza;
 Ekwehleleni kwesizobe sempithi yakho ephothiwe
 Ngiyozidakiswa mina ngamashushu kulamaphunga aphambayo
 Amafutha akhokho, awemaskhi kanye nawetiyele.

Isikhathi eside! njalo nje! isandla sami kumhlwenga wakho osindayo
 Siyohlwanyela irubhi, ichoba kanye nesafaya,
 Khona ulangazelo lwami kuwena lungasoze neze lwangazwakali!
 Uthi nje wena awuve uyixhaphozi lapho ngiphupha, kunye nefulaski
 Lapho ngihogela khona kade ithamo lewayini lenkumbulo?

Je plongerai ma tête amoureuse d'ivresse
 Dans ce noir océan où l'autre est enfermé;
 Et mon esprit subtil que le roulis caresse,
 Saura vous retrouver, ô féconde paresse,
 Infinis bercements du loisir embaumé!

Cheveux bleus, pavillon de ténèbres tendues,
 Vous me rendez l'azur du ciel immense et rond;
 Sur les bords divetés de vos mèches tordues
 Je m'enivre ardemment des senteurs confondues
 De l'huile de coco, du musc et du goudron.

A port resounds where my soul would drink
In torrents the scent, the sound and the colour;
Where the vessels, gliding over gold and moire, blink,
And open their vast arms to embrace as it sinks
The pure sky where eternal warmth shudders.

I'll plunge my head, amorously drunk
In the black ocean where the other is locked up
And my subtle spirits, caressing with balm,
Will recover you, O fecund idleness,
Whose leisure has been embalmed in an infinite rock.

Blue hair, pavilion of tense darkness,
You bring the immense azure of sky, then stars
Over the downy fringe of your twisted locks and at once
I'm lit with mingling, confounding essences –
Coconut oil, musk and tar.

For an Eternity! Always! My hand in your thick fur
Scatters sapphire, pearl and ruby,
So that my desire for you is always heard!
Are you not the oasis I dream of, and the gourd
From which I drink in deep drafts the wine of memory?

Longtemps! toujours! ma main dans ta crinière lourde
Sèmera le rubis, la perle et le saphir,
Afin qu'à mon désir tu ne sois jamais sourde!
N'es-tu pas l'oasis où je rêve, et la gourde
Où je bûme à longs traits le vin du souvenir?

Ubucwebe

Intandokazi luqobo yayinqunu, futhi, yazi inhliziyi yami,
Yayingenalutho kepha nje ifake ingcwenga yobucwebe,
Ingqephu yayo ecebile yayinikeza umoya onqobayo
Wezigqila zamaMuwa ngezinsuku zawo ezimtoti.

Ngenkathi utshuza futhi udansa kumsindo ohlabayo noklolodayo,
Umhlaba obalele bha wensimbi kanye netshe
Uyangithabisa kwinsasa, futhi ngiyaluthanda ulaka lwawo
Lwezinto lapho umdumo kuxubana nokukhanya.

Wabeke eselala futhi wabe eseziyekela ukuba athandwe,
Phezu kwikhawushi yahleka nje ikhululekile
Othandweni lwami olujulile nolumnandi nje kuhle kolwandle,
Olwanyuka luqonde kuyo sengathi luqonde esiweni sayo.

Amehlo exhomeke kimina, kuhle kwethayiga elitheniwe,
Ngomoya wayo ofiphele nosaliphupho yazama imimo,
Ubumsulwa bubumbene kunye nobulanti
Banikeza ukuheha okusha kwingunqunguquko yayo;

Les Bijoux

La très chère était nue, et, connaissant mon cœur,
Elle n'avait gardé que ses bijoux sombres,
Dont le riche attirail lui donnait l'air vainqueur
Qu'ont dans leurs jours heureux les esclaves des Mores.

Quand il jette en dansant son bruit vif et moqueur,
Ce monde rayonnant de métal et de pierre
Me ravit en extase, et j'aime la fureur
Les choses où le son se mêle à la lumière.

The Jewels

My well-beloved was stripped. Knowing my whim,
She wore her tinkling gems, but naught besides:
And showed such pride as, while her luck betides,
A sultan's favoured slave may show to him.

When it lets off its lively, crackling sound,
This blazing blend of metal crossed with stone
Gives me an ecstasy I've only known
Where league of sound and lustre can be found.

She let herself be loved: then, drowsy-eyed,
Smiled down from her high couch in languid ease.
My love was deep and gentle as the seas
And rose to her as to a cliff the tide.

My own approval of each dreamy pose,
Like a tamed tiger, cunningly she sighted:
And candour, with lubricity united,
Gave piquancy to every one she chose.

Elle était donc couchée et se laissait aimer,
Et du haut du divan elle souriait d'aise.
A mon amour profond et doux comme la mer,
Qui vers elle montrait comme vers sa falaise.

Les yeux fixés sur moi, comme un tigre dompté,
D'un air vague et rêveur elle essayait des poses,
Et la candeur unie à la lubricité
Donnait un charme neuf à ses métamorphoses;

Izingalo zayo nemlenze yayo, amathanga ayo nezinqe zayo,
Kubenyezela kuhle kwamafutha, yadlalisela kuhle kweswani,
Kwadlula phambi kwamehlo ami abonisiwe kanye nacwebile;
Isisu sayo nesifuba sayo, lawo ngamagrebhisi kumvini wami,

Yaqhubeka, ingiwotawota ngaphezulu kweNgilosi yobubi,
Ze ihluphe impumulo lapho umphefumulo wami wawukhona,
Futhi ze ihlaphaze imbokodo yekhrayistali
Lapho, uthule futhi uwodwa, wawukade uhleli phansi.

Ngabe sengathi ngibona kuhlangukaniwe kuhlelo olusha
Izinqulu zika Antiyophi kunye nesifuba esingenaziboya,
Nakhu ukhalo lwayo lwenza ukuphuma kwisinye sayo.
Kumbala wayo ofowuni nonsundu umgcobiso wayo wawudlulele!

– Futhi nakhu nelambu labe selizinikele ekufeni,
Kuhle kweziko nxa sekuyilona kuphela elikhanyise ikamelo,
Ngasikhathi sinye lalidedela umbubulo okhangayo,
Kwabhejisa ngegazi lesi sikhumba ngombala we-emba!

Et son bras et sa jambe, et sa cuissac et ses reins,
Potis comme de l'huile, onduleux comme un cygne,
Passaient devant mes yeux clairvoyants et sereins;
Et son ventre et ses seins, ces grappes de ma vigne,

S'avançaient, plus câlins que les Anges du mal,
Pour troubler le repos où mon âme était mise,
Et pour la déranger du rocher de cristal
Où, calme et solitaire, elle s'était assise.

Her limbs and hips, burnished with changing lustres
Before my eyes, clairvoyant and serene,
Swanned themselves, undulating in their sheen;
Her breasts and belly, of my vine the clusters,

Like evil angels rose, my fancy twitting,
To kill the peace which over me she'd thrown,
And to disturb her from the crystal throne
Where, calm and solitary, she was sitting.

So swerved her pelvis that, in one design,
Antiope's white rump it seemed to graft
To a boy's torso, merging fore and aft.
The talc on her brown tan seemed half-divine.

The lamp resigned its dying flame. Within,
The hearth alone lit up the darkened air,
And every time it sighed a crimson flare
It drowned in blood that amber-coloured skin.

Je croyais voir unis pour un nouveau dessin
Les hanches de l'Antiope au buste d'un imberbe,
Tant sa taille faisait ressortir son bassin.
Sur ce teint fauve et brun le fard était superbe!

– Et la lampe s'étant résignée à mourir,
Comme le foyer seul illuminait la chambre,
Chaque fois qu'il poussait un flamboyant soupir,
Il inondait de sang cette peau couleur d'ambre!

Kusuka ngaphakathi ekujuleni

Ngicela uzwelo wakho, Wena wedwa nje engimthandayo,
Kusuka phansi ezinzulwini ezimnyama lapho inhliziyi yami isethuneni.
Kungumhlaba wembubo wamamale azikile,
Lapho kubhukuda khona ubusuku bensabo kanye nenjivazo.

Ilanga elingenakushisa lilenga ngaphezulu inyanga eziyisithupha,
Futhi nalezi ezinye eziyisithupha inyanga ubusuku bumboza umhlaba;
Kuyindawo enqunu ngokweqile kunenhlamhlaba;
– Akunasilwane, namfula, naluhlaza, nalihlathi!

Akukho nsabiso yomhlaba engadlula
Lokhu kubanda kwesihluku saleli langa leqhwa
Kunye nesithabathaba sobusuku obufana nendala iNhlakazeko.

Ngimonele uhlobo lwezilwane ezingcolile kakhulu
Ezikhwazi ukungena kumlalo wazo wobuwula,
Kulapho-ke isibopho sesikhathi siqaqueka kancane

De profundis clamavi

J'implore ta pitié, Toi, l'unique que j'aime,
Du fond du gouffre obscur où mon cœur est tombé.
C'est un univers morne à l'horizon plombé,
Où nagent dans la nuit l'horreur et le blasphème;

Un soleil sans chaleur plane au-dessus six mois,
Et les six autres mois la nuit couvre la terre;
C'est un pays plus nu que la terre polaire;
– Ni bêtes, ni ruisseaux, ni verdure, ni bois!

De profundis clamavi

I implore You, my only love, your pity
From the depths of the abyss where my heart lies buried.
It's a gloomy universe, to the horizon of lead
Where swims in the night dread and blasphemy.

A sun without warmth has hovered for six months
And for six more, night has covered the ground.
It's a landscape more bare than polar mounds,
– Without beasts, without streams, with neither green nor tree stumps.

No horror in the world can overcome
The cold cruelty of this icy sun
And this immense night like the ancient Chaos;

I envy the animals most wretched and base
Who lose themselves in what stupid sleep they find,
So slow is the skein of time to unwind.

Or il n'est pas d'horreur au monde qui surpasse
La froide cruauté de ce soleil de glace
Et cette immense nuit semblable au vieux Chaos;

Je jalouse le sort des plus vils animaux
Qui peuvent se plonger dans un sommeil stupide,
Tant l'écheveau du temps lentement se dévide!

ILethi

Woza enhliziyweni yami, mphefumulo onesihluku noyisithulu,
Thayiga elikhonziwe, sinqawunqawu semimoya evilaphayo,
Ngifuna isikhathi eside ukuhloma iminwe yami evevezelayo
Ekuminyaneni komhlwenga wakho osindayo;

Kumapitikoti akho agcwele amakha akho
Ngcwaba ikhanda lami eliqaqambayo,
Futhi angiphefumule, kuhle kwembali esayafa,
Iququ eliminandi lothando lwami oselwafa.

Ngifuna ukulala! ukulala kunokuba ngiphile!
Emlalweni omnandi kanjengokufa,
Ngiyosabalalisa imqabulo yami ngaphandle kokuzisola
Kwisidumbu sakho esihle sipholishwe njengebhrasi.

Ze ngigubudelwe izilingozi zami ezithobayo
Akunalutho olungabamba kepha kwalasha la kulala wena;
Ukukhohlwa okumandlakazi kuhlala emlonenyeni wakho,
Futhi iLethi imuka emqabulweni yakho.

Le Léthé

Viens sur mon cœur, âme cruelle et sourde,
Tigre adoré, monstre aux airs indolents;
Je veux longtemps plonger mes doigts tremblants
Dans l'épaisseur de ta crinière lourde;

Dans tes jupons remplis de ton parfum
Ensevelir ma tête endolorie,
Et respirer, comme une fleur flétrie,
Le doux relent de mon amour défunt.

Lethe

Come to my heart, love cruel and deaf,
Tiger I adore, monster with indolent airs;
I've waited to plunge my fingers
In the thickness of a mane so rough;

In a petticoat filled with your odour
I long to bury my aching head,
And breathe the flower withered and dead,
The sweet, musty smell of spent ardor.

I would sleep! Sleep instead of live!
In a sleep as sweet as death
I would lavish kisses without regret
On your body burnished to the shine copper gives.

Nothing could equal your bed's abyss
When my silenced sobs must be swallowed;
Across your mouth oblivion shows
And Lethe flows in your kiss.

*Je veux dormir! dormir plutôt que vivre!
Dans un sommeil aussi doux que la mort,
J'étalerai mes baisers sans remord
Sur ton beau corps poli comme le cuivre.*

*Pour engloûtir mes sanglots apaisés
Rien ne me vaut l'abîme de ta couche ;
L'oubli puissant habite sur ta bouche,
Et le Léthé coule dans tes baisers.*

Kusimiselo sami, okusukela manje siyintokozo yami,
Ngiyosilalela kuhle kwesinqunyelwasimiselo;
Mfelukholo othobile, silahlwa esimsulwa,
Izifo zakho ezikhwezela inhlukumezo,

Ngiyomunca, ze ngicwilise ulunya lwami,
Inephenti kanye nesihlungu esimtoti
Kulezozingono ezihehayo alesi sifuba esicijile,
Angakaze neze abophele inhliziyo.

A mon destin, désormais mon délice,
J'obéirai comme un prédestiné;
Martyr docile, innocent condamné,
Dont la ferveur attise le supplice,

Je sucrai, pour noyer ma rancœur,
Le népenthès et la bonne ciguë
Aux bords charmants de cette gorge aiguë,
Qui n'a jamais emprisonné de cœur.

**My destiny, henceforth, my enjoyment,
To obey what is preordained;
Docile martyr, an innocent condemned,
Whose fervour is stirred into torment.**

**I will suckle now, to drown my rancour,
Nepenthe and hemlock's promised rest,
At the charming tips of those pointed breasts
That have never taken a heart prisoner.**

Ikati

Woza, kati lami elihle, kwinhliziyi yami ethandile;
Goqa izinzipho emlenzeni yakho,
Bese ungiyekela ngingenise kumehlo akho amahle,
Alumbanise insimbi kanye nechoba.

Uma iminwe yami kwimpumulo iphulula
Ikhanda lakho neqolo lakho elinwebekayo,
Isandla sami siyadakwa injabulo
Esiyithinta kumzimba wakho owugesi,

Ngibona intombi yami egqondweni. Ukubuka kwayo,
Njengokwakho, silwane esithandekayo,
Kujulile futhi kuyabanda, kuyasika futhi kuhlaba njengodonsi,

Futhi, kusukela ezinyayweni kuya ekhanda,
Umoya ongcweti, amakha ayingozi,
Afuquka ehaqe umzimba wayo onsundu.

Le Chat

Viens, mon beau chat, sur mon cœur amoureux;
Retiens les griffes de ta patte,
Et laisse-moi plonger dans tes beaux yeux,
Mêlés de métal et d'agate.

Lorsque mes doigts caressent à loisir
Ta tête et ton dos élastique,
Et que ma main s'enivre du plaisir
De palper ton corps électrique,

The Cat

Come, my beautiful cat, to my amorous core;
Retract your claws inside your paws
And let me plunge into your wise eyes once more
That are mingled of agate and metals.

When my fingers caress at leisure
Your head and your back's elasticity
And when my hand's become drunk with pleasure
From your palpating electricity,

I see my woman in spirit. Her regard,
Like yours, amiable beast,
Profound and cold, cuts and cracks like a sword

And, from her head to her feet,
A delicate look, a dangerous perfume
Swims around her brown body's bloom.

Je vois ma femme en esprit. Son regard,
Comme le tien, aimable bête,
Profond et froid, coupe et fend comme un dard,

Et, des pieds jusques à la tête,
Un air subtil, un dangereux parfum
Nagent autour de son corps brun.

Impidiselomuva

Ngelosi ethabile, ngabe uyalwazi wena usizi,
Ihlazo, ukuzisola, izililo, izingcobeko,
Kanye nalezozinsabo ezifiphele ezisihlasele ebusuku
Zifohloze inhliziyi kühle kwephepha elishwabene?
Ngelosi ethabile, ngabe uyalwazi wena usizi?

Ngelosi yokulunga, ngabe uyayazi wena inzondo,
Iziqindi zifingqwe emathunzini kanye nenyembezi ezimuncu,
Nalapho iMpindiselo isibiza abayo besihogo,
Nanoma isingumkhalimeli wezingqondo zethu?
Ngelosi yokulunga, ngabe uyayazi wena inzondo?

Ngelosi yempilo, ngabe uyazazi wena iZifo,
Lezi, phansi le ezindongeni ezinde zezibhedlela ezihwaqabele,
Kühle kwezindiswa, zihamba zikludula inyawo zazo,
Zifunana nelanga eliyivela kancane futhi zinyakazisa izindebe?
Ngelosi yempilo, ngabe uyazazi wena iZifo?

Réversibilité

Ange plein de gaieté, connaissez-vous l'angoisse,
La honte, les remords, les sanglots, les ennuis,
Et les vagues terreurs de ces affreuses nuits
Qui compriment le coeur comme un papier qu'on froisse?
Ange plein de gaieté, connaissez-vous l'angoisse?

Ange plein de bonté, connaissez-vous la haine,
Les poings crispés dans l'ombre et les larmes de fiel,
Quand la Vengeance bat son infernal appel,
Et de nos facultés se fait le capitaine?
Ange plein de bonté, connaissez-vous la haine?

Reversibility

Angel of joy, do you know the anguish,
The shame, the remorse, the worry, the tears,
And the frightful night's vague terrors
In which, like paper, your heart will crumple?
Angel of joy, do you know the anguish?

Angel of kindness, do you know the hate,
The tears of bile, the fists clenching in the shade,
When Vengeance beats its drums and raises its blade
And reminds us that it is the captain of our fate?
Angel of kindness, do you know the hate?

Angel of health, do you know the Fevers,
In a hospice where the feet of exiles trail
Across the large halls past walls long and pale
Seeking some small sun as one last pain reliever?
Angel of health, do you know the Fevers?

Ange plein de santé, connaissez-vous les Fièvres,
Qui, le long des grands murs de l'hospice blafard,
Comme des exilés, s'en vont d'un pied traînard,
Cherchant le soleil rare et remuant les lèvres?
Ange plein de santé, connaissez-vous les Fièvres?

Ange plein de beauté, connaissez-vous les rides,
Et la peur de vieillir, et ce hideux tourment
De lire la secrète horreur du dévouement
Dans des yeux où longtemps burent nos yeux avides?
Ange plein de beauté, connaissez-vous les rides?

**Ngelosi yobuhle, ngabe uyabazi wena ubumpunga,
Kanye nensabo yokuguga, kanye nalenkathazo engabhekeki
Yokufunda imfihlo yokwesaba kwinkonzo
Emehlweni lapho okudalo kwagcwaliseka izifiso zamehlo ethu?
Ngelosi yobuhle, ngabe uyabazi wena ubumpunga?**

**Ngelosi yentokozo, yenjabulo kanye nokukhanya,
UDavide esefa wayeyobiza impilo
Eyamfuka kumzimba wakho nje okhangayo;
Kodwa mina nje kuwena ngicela, ngelosi, imthandazo yakho,
Ngelosi yentokozo, yenjabulo kanye nokukhanya!**

**Ange plein de bonheur, de joie et de lumière,
David mourant aurait demandé la santé
Aux émanations de ton corps enchanté;
Mais de toi je n'implore, ange, que tes prières,
Ange plein de bonheur, de joie et de lumière!**

Angel of beauty, do you know the creases,
And the fear of growing old, and the hideous torment,
The secret horror in the one with whom your life has been spent
As the fire in eyes that once burned for you ceases?
Angel of beauty, do you know the creases?

Angel of happiness, of gaiety and light,
David asked for health as he lay dying and shoddy
From the emanations of your enchanted body;
But I implore you, angel, only for your sight,
Angel of happiness, of gaiety and light.

Kude le nala

**Nasi lapha isimo esingcwele
Lapho lentombazane evele ilungile
Ithulile futhi njalo ihlale izilungisele,**

**Ngesandla sayo iphephetha amabele ayo,
Kanye nendololwane yayo kokhushini,
Ilalele ukukhala kweziphethu:**

**Leli ikameleo likaDoroti,
– Unyelele kanye namanzi kucula kude
Iculo lako lezilingozi esibibithekayo
Ze lilolozele lengane eyonakele.**

**Kusuka phansi kuya phezulu, ngenkulu inkathalelo le,
Isikhumba sayo esikhethekileyo sihlikihlwa
Ngamafutha aqholiwe kanye nenyamazane.
– Izimbali laphaya ekhoneni ziyavunguzela.**

Bien loin d'ici

**C'est ici case sacrée
Où cette fille très-parée,
Tranquille et toujours préparée,**

**D'une main éventrant ses seins,
Et son coude dans les coussins,
Ecoute pleurer les bassins:**

Far From Here

**This is the place – the holy hut
Where, always in her Sunday best
And elbow deep in cushions,**

**She waits for us – or anyone – to call,
Listening to the fountains sob
And fanning her unbridled breast;**

**We are in Dorothea's room –
Nearby, the wind and water sing
A tearful sort of cradle-song
To pacify this pampered child.**

**Dedicated downward strokes
Massage her skin to burnished teak
With oil of musk and benjamin
– And all our tribute flowers swoon.**

**C'est la chambre de Dorothée.
– La brise et l'eau chantent au loin
Leur chanson de sanglots heurtée
Pour bercer cette enfant gâtée.**

**De haut en bas, avec grand soin,
Sa peau délicate est frottée
D'huile odorante et de benjoin.
– Des fleurs se pâment dans un coin.**

Umningo

Hlakanipha, o lusizi lwami, bese futhi uba nokuthula.

Ukubizile ukuhlwa, nakhu sekufikile, sekulapha:

Umkhathi omnyama umboza idolobha,

Kwabanye uletha uxolo, kwabanye izingxaki.

Ngenkathi uquqaba olungcolile lwesintu

Lubhaxabulwa iNjabulo, umhlukumezi ongenantethelelo,

Luhamba luphethwe izinsolo zemsindo yobugqila,

LuSizi lwami, nginike isandla sakho, woza lapha,

Kude nale. Bona imNyaka eseyafa ilunguza phansi,

Kusukela phezulu le emazulwini, ngezivatho ezingamagxaba,

Kuvuka phansi ezinzulwini zamanzi ukuziSola ingavimbeki;

Ilanga elishonayo lilala phansi komango,

Futhi, kuhle kwesithunzi eside sihudula iMpumalanga,

Lalela, mtakwethu, lalela, ubusuku obumnandi buhamba.

Recueillement

Sois sage, ô ma Douleur, et tiens-toi plus tranquille.

Tu réclamaïs le Soir; il descend; le voici:

Une atmosphère obscure enveloppe la ville,

Aux uns portant la paix, aux autres le souci.

Pendant que des mortels la multitude vile,

Sous le fouet du Plaisir, ce bourreau sans merci,

Va cueillir des remords dans la fête servile,

Ma Douleur, donne-moi la main; viens par ici,

Meditation

Be wise, my Pain, and clam yourself.
You were craving dusk, here it is, coming down:
An atmosphere of ash envelops the town,
Bringing to some peace, to others their fears.

While of mortals the vile multitude,
Under the lashings of Pleasure, that hangman without mercy,
Goes gathering remorse in the servile holiday,
Give me, my Pain, your hand; come this way,

Far from all of them. Look at the dead Years leaning
In old-fashioned robes out of the balconies of the sky;
From the bottom of the sea, a smiling Regret rises:

The dying Sun slumbers under an arch,
And with her long shroud trailing out of the East,
Listen, dear one, listen to the fragrant night walking.

Loin d'eux. Vois se pencher les défunctes Années,
Sur les balcons du ciel, en robes surannées;
Surgir du fond des eaux le Regret souriant;

Le Soleil moribond s'endormir sous une arche,
Et, comme un long linceul traînant à l'Orient,
Entends, ma chère, entends la douce Nuit qui marche.

**"Uzothini-ke kulo kuhlwa,
mphefumulo ohluphekile onesizungu ..."**

Uzothini-ke kulo kuhlwa, mphefumulo ohluphekile onesizungu,
Uzothini-ke, nhliziyo yami, nhliziyo yami eyake yafa,
Kulona omuhle kakhulu, olunge kahle, othandekile kahle,
Imbuko yakhe engcwele ekubuyisela ukuqhakaza?

– Kufanele sibe nokuzigqaja ekuhayeni izibongo zakhe:
Akukho into nanye edlula ubumtoto bomthetho wakhe;
Inyama yomzimba wakhe ifuquka amakha eziNgelosi,
Ilihlo lakhe lisengenisa kwinhlalo yokukhanya.

Kungabe kuphakathi kobusuku kumbe esilulwini,
Kumbe phakathi komgwaqo nasezixukwini,
Umungcwini wakhe udansa njengelangabi.

Ngesinye isikhathi uyakhuluma uthi: "Ngimuhle, futhi ngikhomoza
Ukuthi ze ube owothando lwami awuyothanda lutho kepha uBuhle;
NgiyiNgelosi engumqaphi, iThongo kanye noMadona."

"Que diras-tu ce soir, pauvre âme solitaire ..."

Que diras-tu ce soir, pauvre âme solitaire,
Que diras-tu, mon cœur, cœur autrefois flétri,
À la très-belle, à la très-bonne, à la très-chère,
Dont le regard divin t'a soudain refléchi?

– Nous mettrons notre orgueil à chanter ses louanges:
Rien ne vaut la douceur de son autorité;
Sa chair spirituelle a le parfum des Anges,
Et son oeil nous revêt d'un habit de clarté.

**“What will you say tonight,
poor lonesome soul ...”**

**What will you say tonight, poor lonesome soul,
What will you say, my heart, my formerly withered heart,
To the loveliest, the best, the dearest,
Which reflects you at once in its divine regard?**

**We put on our conceits to sing these praises:
Nothing could be gentler than her might;
Her spiritual flesh has the perfume of angels,
Her eye invests us with a suit of light.**

**Whether during the night in solitude,
Or in the street amid the multitude,
Your spectre dances in the air like a candle – unsteady.**

**Sometimes she speaks and says: "I am beautiful, and I ordain
For the love of me you can love none but beauty;
For I am the Muse, the Madonna, the Angel guardian."**

**Que ce soit dans la nuit et dans la solitude,
Que ce soit dans la rue et dans la multitude,
Son fantôme dans l'air danse comme un flambeau.**

**Parfois il parle et dit: "je suis belle, et j'ordonne
Que pour l'amour de moi vous n'aimiez que le Beau;
Je suis l'Ange gardien, la Muse et la Madone."**

Ingcuba

**Khumbula isiqu esasibona, mphefumulo wami,
Kulokuya kusa okuhle kwashlobo elimnandi:
Ekhoneni lendlala ingcuba embi
Phezu kombhede ithungelwe ngamatshe.**

**Imlenze isemoyeni, njengomfazi obhixiwe,
Exhutha futhi ephuma ubuthi,
Wavula ngendlala yokungakhathali futhi nobudedengu
Isisu sakhe esigcwele ivundo.**

**Ilanga lathi kla imsebe yalo kulokhuyakubola,
Njengokupheka isidlo size sivuthwe,
Kanye nokunikela ngekhulu kwiMvelo enkulu
Konke lokhu eyakumbanisa kanye.**

**Futhi isibhakabhaka sabuka lesi dumbu esidlulele
Njengembali iqhakazile.
Ivundu laliqinile, okuthi phezu kotshani
Wawungauleka isiyezi.**

Une Charogne

**Rappelez-vous l'objet que nous vîmes, mon âme,
Ce beau matin d'été si doux:
Au détour d'un sentier une charogne infime
Sur un lit semé de cailloux,**

**Les jambes en l'air, comme une femme lubrique,
Brûlante et suant les poisons,
Ouvrait d'une façon nonchalante et cynique
Son ventre plein d'exhalaisons.**

A Carrion

Remember, my soul, the thing we saw
That lovely summer day?
On a pile of stones where the path turned off,
The hideous carrion –

Legs in the air, like a whore
– Displayed, indifferent to the last,
A belly slick with lethal sweat
And swollen with foul gas.

The sun lit up that rottenness
As though to roast it through,
Restoring to Nature a hundredfold
What she had here made one.

And heaven watched the splendid corpse
Like a flower open wide –
You nearly fainted dead away
At the perfume it gave off.

Le soleil rayonnait sur cette pourriture,
Comme afin de la cuire à point,
Et de rendre au centuple à la grande Nature
Tout ce qu'ensemble elle avait joint;

Et le ciel regardait la carcasse superbe
Comme une fleur d'épanouir.
La puanteur était si forte, que sur l'herbe
Vous crûtes vous évanouir.

Izimpukane zabhuza phezu kwalesisu esibolile,
Lapho kwavuka khona iqulu elimyama
Lezimpethu, ezafuquka njengoketshezi olujiyile
Lwehla ngamagxaba aso aphilayo.

Zonke zehla, zenyuka njengegagasi,
Lapho zinyakaza ngomdlandla;
Umuntu angathi lesi dumbu, sivuthelwa umphefumulo ongabonakali,
Sasiphila futhi sanda.

Kanti futhi lomhlaba wawenza umculo oxakile,
Njengamanzi amukayo kanye nomoya,
Noma uhlamvu lolu umphephethi ngomgqigqo womnyakazo
Alinyakazisayo aliphendule ngesiphephetho sakhe.

Izimo zanyamalala futhi zaphela sengathi kusephusheni,
Umfanekiswana ufika kancane,
Ukhohlwe kwikhanvasi, kodwa iciko lawuphothula
Ngenkumbulo yalo nje kuphela.

Les mouches bourdonnaient sur ce ventre putride,
D'où sortaient de noirs bataillons
De larves, qui coulaient comme un épais liquide
Le long de ces vivants haillons.

